# Hillcrest High School
# Is iZulu Ulimi lokuqala lokwengezelela
# 1st Additional Language Non-Mother Tongue
# Ukuhlolwa kukaNovemba 2013
# Ibanga leshumi (Grade 10)
# Iphepha lesibili (Paper II)

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

UMKLOMELO: 70

| | |
|---|---|
| Qaphela: | Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.<br>Musa ukuxova imibuzo.<br>Phendula ngesiZulu esivumelekile.<br>Bhala ngobunono usebenzise ubhalo magama olusemthethweni. |

# ISIQEPHU A

**NGIXOLELE MNTANAMI** **K.E. HLONGWANE**

**1. Funda le mibuzo elandelayo bese ukhetha owodwa ubhale nagawo ikhasi noma amagama angama-80 kuya kwayi-100.**

1.1 Ake ubhale kafushane ngalaba balingiswa abalandelayo uchaze ukuthi bangabantu abanjani nokuthi ukube kwakunguwe obhekene nezinkinga ababhekana nazo ngabe wenza kanjani.

1.1.1 UDoli noGiza (20)

NOMA

1.1.2 UThwathwa noLingo (20)

NOMA

1.2 Ake uxoxe kafushane ngendikimba (content) yalo mdlalo owufundile ukuthi uyahambisana (related) nesihloko (title). (20)

**2. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngomusho ophelele.**

| | |
|---|---|
| Lindiwe: | Ewu, hhayi kakukholakali! |
| Sindisiwe: | Nami ukuba ngakuxoxelwa, kungabe kangikakakholwa namanje. |
| Lindiwe: | Ngezwa sengathi uthi uyalazi isoka likaDoli elamkhipha kulo uGiza. |
| Sindisiwe: | Ngiyalazi. NguThwathwa. Ngimazi ngisahlala eSobantu lapho ayehlala khona naye. Mina ngangize ngokufunda yena engowokuzalwa. |
| Lindiwe: | Bekungeyena nje? |
| Sindisiwe: | Noma sesiside kakhulu isikhathi sagcinana, kodwa lowaya muntu ngimfanise naye. |
| Lindiwe: | Kazi useqhamuka kuphi-ke manjeesezofaka unyawo lwakhe olunodaka emzini kamzala bakithi? |
| Sindisiwe: | Amahemuhemu engawezwa ngivakashele eSobantu ngenyanga edlule ngawokuthi sengathi wayebhungukele ndawana thize engacaci kahle. Abanye bathi wayeyinkunzi kaguluva eGoli ehamba edayisa izidakamizwa zalo lonke uhlobo. Kanti abanye bathi wayewele nemikhumbi yamaShayina. Bathi afika le kwelakubo amkhipha inyumbazana amaShayina. Kuthiwa agcina ngokumlahlisa okwenyongo yenyathi. |

2.1 Bakuphi laba abakhuluma kulesi siqephu? (1)
2.2 Obani amagama alaba bantu abakhuluma kulesi siqephu? (1)
2.3 Uhlobene (related) kanjani uDoli nalo Thwathwa okukhulunywa ngaye lapha? (1)
2.4 Uhlala kuphi lo Thwathwa ekukhulunywa ngaye? (1)
2.5 Ubani igama likamkhwenyana kaLindiwe? (1)

**[5]**

3.

| | |
|---|---|
| Lingo: | Sawubona baba. |
| Giza: | Yebo Lingo. Sewuphuma khona emidlalweni? |
| Lingo: | Impela sengiphuma khona baba. Sisheshe saqeda namuhla ngoba sikwazile ukuqala ngesikhathi. |
| Giza: | Zihambe kanjani ezakho namuhla? |
| Lingo: | (Esondela eyohlala kusofa obhekene nalowo okuhleli kuye uyise.) ILeopards United, siyibhaxabule ngomuhle u3-0 lona. |
| Giza: | Seniyawina impela manje. Seliphelile ishwa lokwehlulwa. |
| Lingo: | Into manje sesinokuzimisela nokuzwana okukhulu. ( Asukume uLingo athathe uqwembe lokudlala i-chess nezinhlamvu zakhona.) Kodwa mina bengingadlali namuhla baba. (Abuye ahlale phansi baqale ukuzibeka.) |

3.1 ULingo udlala muphi umdlalo? (1)
3.2 Unasiphi isikhundla eqenjini alidlalelayo uLingo? (1)
3.3 Iqembu lebhola likaLingo lalidlala naliphi iqembu? (1)
3.4 Yehlulwa ngamagoli amangaki iLeopard United? (1)
3.5 Ngabe iqiniso noma iphutha ukuthi uLingo wadlala ngalolu suku? (1)

**[5]**

**4. Phendula lo mbuzo olandelayo ngokuqondanisa lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B. Bhala izimpawu kuphela.**

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 4.1 UMaNkosi | i) umzala kaGiza. |
| 4.2 uLindiwe | ii) Umama kaDoli. |
| 4.3 uDoli | iii) Yikubo kwaThwathwa. |
| 4.4 eSobantu | iv) uGiza wayekokwenza izifundo khona. |
| 4.5 eGoli | v) Unkosikazi kaGiza. |

[5]

## ISIQEPHU B

5. **Funda le mibuzo elandelayo bese ukhetha owodwa ubhale nagawo ikhasi noma amagama angama-80 kuya kwayi-100.**

5.1 Ake ubhale uchaze uBekezela Zulu nokuthi wangena kanjani enkingeni yokuthi agcine esengcwaba uMlahleni Cele abatholakala endabeni, "Wakubona wakubeletha" **(12)**

**NOMA**

5.2 Chaza laba balingiswa uRoy no Rebecca abatholakala endabeni "Imfihlo kamakoti" ukuthi bangabantu abanjani nokuthi bahlobene kanjani. **(12)**

6. **Funda lezi ziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.**

> Inkonzo yomngcwabo yaphathwa nguMfundisi uSokhela owayesonta nabo oZulu. Kwakungekho zikhulumi ezinye ngaphandle kwakhe uZulu. Isibalo sabasenkonzweni sasingeqile kwabayisithupha. UMaKhumalo yena wabe engekho, edubile. Bamgcwaba ngokuthula uCele, indoda eyabe inosizo emphakathini.
>
> NgoMsombuluko uZulu waphindela kuSonhlalakahle esibhedlela, eyomnikeza izindleko zakhe. Wathi lapho engena nje ehhovisi uSonhlalakahle wayembuza ukuthi uphi uMakhumalo umkakhe. UZulu wamphendula wathi usale lena ekhaya eMgungundlovu.
>
> "Uphuthelwe lukhulu-ke namhlanje uMaKhumalo ngoba phela incwadi eyabe ibhalwe nguCele angizange ngiyiqede ngaleya langa," washo esukuma eyovula ekhaabetheni.

6.1 Inkonzo yomgwabo kabana le ekukhulunywa ngayo? (1)

6.2 Ubani isibongo somfundisi owayephethe le nkonzo? (1)

6.3 Ubani isibongo sikankosikazi kaZulu? (1)

6.4 UCele wangcwatshwa emathuneni akuphi? (1)

6.5 UZulu waya nini kuSonhlalakahle esibhedlela? (1)

6.6 Babebangaki abantu emngcwabeni kaCele? (1)

6.7 Khetha impendulo efanele kule mibuzo ezilandelayo.

6.7.1 Umuzi kaCele wawuse (Thekwini, eMgungundlovu) (1)

6.7.2 Elinye lamagama kaMlahleni Cele u(Theophilus, Timothy) (1)

6.7.3 Isithakazelo sesibongo sakwaZulu u(Mageza, Mageba) (1)

6.7.4 Isibongo sikaSonhlala kahle owayebhalele uZulu incwadi u(Mbanjwa, Mbonambi) (1)

6.8 Imali eyatholwa uZulu ivela kuCele amarandi __________ (1)

6.9 Isibhedlela ayelele kuso uCele i______ eseThekwini. (1)

6.10 UCele wayenamabhasi ________ nesitolo esisodwa. (1)

**[13]**

7.

> Baphindela ekhumbini oRoy benoMaKhwani. URoy wayethule sengathi imihlathi yakhe ayisayukuphinde ihlukane ngesikathi uMaKhwani ephinda ephawula ethi, indaba kaRebecca imxaka ngoba bonke abantu abake bambone bayebambone endaweni eyodwa ngasesiteshini sesitimela. NoRoy kwamxaka lokho ukuthi kwenzeka kanjani.
>
> URoy weswela nokuthi uzoyethula kanjani kunina uMaKhulu indaba yentombi ayemethembise yona. Kodwa wathi nje ngoba ayevele ethe uzomzuma ngokumlethela umakoti kungcono amane azithulele.
>
> Esehlise uMakhwani kwakhe uRoy, waqonda kubo wafike waziphonsa embhedeni walala. NoMakhulu akazange asolelutho ngenxa yokuthi leli kwabe kuyilanga lukuphumula.

7.1 Ubani isibongo sikamama kaRoy? (1)

7.2 Babevelaphi oRoy noMaKhwani? (1)

7.3 Abantu babembona kuphi abantu uRebecca? (1)

7.4 Ukuphi umuzi wakubo kaRoy? (1)

7.5 Yini efanayo emagameni kaRoy noRebecca? (1)

7.6 Phendula imibuzo elandelayo ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA.

7.6.1 URoy wayehambise abantu eSikhawini ngetekisi. (1)

7.6.2 Unkosikazi kaRoy kwakunguMaSikhosana. (1)

7.6.3 ISeventini isesigceme sakwa-T KwaNdengezi. (1)

7.6.4 URebecca wabulawa ngokudutshulwa (shot). (1)

7.6.5 URoy wahambisa abafana berabhi kwaDukuza. (1)

7.6.6 Umama kaRebecca uhlala eMlazi esigcemeni sakwa R. (1)

**[11]**

**ISAMBA SISONKE: 70**